¹⁰⁴ Manje, nxa uNkulunkulu esenza isithembiso eBhayibhili, futhi-ke nxa usemukela lokho, isithembiso sikamoya singenza ukuzibonakalisa kukamoya, ngoba uNkulunkulu uzaqinisa iLizwi Lakhe. Ngempela. Nxa kungakwenzi, khona-ke kayisilo Lizwi likaNkulunkulu. Nxa kungeyisikho. . .

¹⁰⁵ Khona-ke—khona-ke nxa ukhoho lwethu lungekho lukhulu okweneleyo, ungakulanduli, nxa uNkulunkulu wenza isithembiso, wathi, “Kunjalo, kodwa kangila khoho olweneleyo ukukwenza,” makuthi omunye umfo akwenze.

¹⁰⁶ Nxa ngingelalo ukhoho olweneleyo ukuqalisa ukuhamba njengalokho uEnoki akwenzayo, thatha uhambo lwemini futhi uhambe eKhaya kanye loNkulunkulu, angisoze ngime endleleni yomunye umuntu olokhoho olweneleyo ukukwenza. Ngizakuthi, “Kadunyiswe uNkulunkulu ngalowo mfowethu, uhambe waphuma emhlabeni, ngilokubonga ngalokho, a—angeke ngikwenze, kodwa yena. . .Ngilokubonga wakwenza. Ngi. . .” Bona? Ngiyakukholwa lokho, futhi kangifuni ukuma endleleni yomuntu olokhoho lokwenza iLizwi likaNkulunkulu liqiniswe. Manje, kufanele kubuye kuvela eLizwini.

¹⁰⁷ Manje, lapho uJesu esiza, Wabuya kwaBakhe uQobo, amaJuda. Manje, siyathola ukuthi Wayelesibonakaliso sikaMesiya Esasimlandela. UJohane wafakaza ngakho, futhi kwakhangeleka njenge—njenge juba, ukuKhanya, kusehla phansi kuvela eZulwini. Wakunanzelela. Manje, lapho lokho kuKhanya, kumbe ijuba, langena eNdodaneni yomuntu, siyananzelela lokho okwathathindawo.

¹⁰⁸ UAndreya, kasiqaliseni ngaye. Thina. . .Manje, kuJohane oNgcwele 1, isahluko 1, ngiphakathi. Siyathola ukuthi uAndreya, khonapho ekholwa eNkosini uJesu Khristu, uyahamba ukuyathatha uSimoni Phetro. Ibizo lakhe kwakunguSimoni ngalesosikhathi, futhi wathi kuSimoni, “Manje, kumele ubuye ubone.” Kasingeneni enkulumweni yabo. Bonke bangabagoli benhlanzi.

¹⁰⁹ Ngiyambona uSimoni, mhlawumbe omdala kwababili, bahlala phansi ohlangothini lwesikepe futhi wathi, “Andreya, manje uyazi ukuthi sobabili singabaFarisi, ngoba silandela ubaba wethu omdala, umFarisi. Futhi ngiyakhumbula,

Andreya, ubaba engakabhubhi lapho ngisasengumfana omncinyane, ngolunye usuku emva kokuba sigole inhlanzi phandle echibini usuku lonke, sangena phakathi; futhi ubaba wayekhulekile kakhulu ukuthi athole inhlanzi. Futhi khona eholeni lokucina sabamba inhlanzi yesinkwa sethu usuku olulandelayo. O, ngiyabona ukuthi—ukuthi umama wayehlezi kanjani esemadolweni ekhuleka. Ukuthi sasithemba kanjani uNkulunkulu ukusisiza.”

“O, ngeqiniso, mfowethu Simoni. Ngiyakukhumbula lokho kakuhle.”

¹¹⁰ “Awu, ngiyakhumbula,” (Simoni) “ubaba wami wathi kimi ngolunye usuku lapho ephululela inwele zami ngemuva, futhi ngabeka izandla zami phezu kwenwele zakhe ezimpunga, futhi wathi, ‘Simoni, ndodana yami, ngangihlezi ngifuna ukuphila ngibone usuku lapho uMkhululi wethu, uMesiya, azakuza khona. Kodwa sengisiba mdala manje, ngakho ngicabangela ukuthi angisoze ngenelise ukuMbona, Simoni. Kodwa ungumfana omncinyane. Kungela kuthandabuza uzaMbona osukwini lwakho.”

¹¹¹ “Manje, kuzakuba lokudideka okunengi. Kuhlezi kukhona, Simoni. Ngaphambi nje okukamoya kuthathi ndawo, kuzakuba lezinto ezinengi zamanga zithathi ndawo. Kodwa ngifuna ukuthi ukhumbule lokhu, Simoni, ukuthi lapho uMesiya esiza, uMesiya uzakuba lesibonakaliso sikaMesiya. Futhi lizaMazi ngesibonakaliso.”

¹¹² “UMose watsho njalo, ngoba uMose wathi, i—ku, ngale esahlukweni sika—sikaDuteronomi, sithola lokhu, ukuthi Wathi ukuthi iNkosi . . .” (UDuteronomi 18:15, nxa ufuna ukukubhala phansi ukuze ukubale. Bala isahluko sonke, usehla.) “. . . ukuthi iNkosi uNkulunkulu wakho izavusa umprofethi ofanana lami. Kuzakuthi lowo ongasoze azwe lumprofethi uzaqunywa phakathi kwabantu.” Bona?

¹¹³ “Manje, wathi, ‘Manje, khumbula, Simoni, kungaba lezikhulumi ezinkulu ezilamandla eziphakamayo. Kungaba lamadoda amakhulu azaphakama. Kodwa khumbula, njengamaJuda, siyakwazi ukuthi uNkulunkulu uyasithumela uMprofethi, uMesiya-Mprofethi. Futhi isizatho . . . Manje, sibe leminyaka engamakhulu amane manje, kusukela kuMalakhi, kasizange sibe labaprofethi, kodwa lapho uMesiya esiza, Uzakuba nguNkulunkulu-Mprofethi. Siza kuba Mazi ngalokho. Manje, ungakukhohlwa lokho, Simoni.”

¹¹⁴ Manje, yena uthi, “Andreya, ungathi lowu ngumuntu omkhulu. Engathonya abantu. Kodwa kimi, Kumele abengumProfethi ngoba uMesiya . . .

Futhi ngakuzwa ukhuluma ngalowomuntu enkangala lokunjalo, uJohane. Yena, mhlawumbe, wayengumprofethi laye. Kangazi.

115 Kodwa luMesiya uzakuba nguNkulunkulu-mProfethi. Uzakuba ngumProfethi-lokwengeziweyo. Uzakuba ngodlula umprofethi. Uzakuba ngumProfethi-lokwengeziweyo. Ngizahamba lawe ngolunye usuku.”

116 Ngiyakhumbulela ngimbona uAndreya, futhi-ke, ehamba esiya enkonzweni ukuyakuzwa uJesu waseNazaretha, futhi-ke wabuya ngek haya wamtshela ezinye izinto ezenzakalayo. Ngakho usuku olwalandelayo mhlawumbe uSimoni wenza isinqumo sokuthi uzahamba.

117 Futhi liyakhumbula, waphiwa izihluthulelo, uSimoni waphiwa, ngokuya kwesikhathi. Wayengumuntu ongelalwazi. Akazange aphume kuloba yiwaphi amaseminari, loba ziphi izikolo zeBhayibhili zabo. Wayengakwanisi ngitsho ukusayina ibizo lakhe uqobo, uSimoni Phetro. IBhayibhili lathi wayeyikho konke ongaziyo longafundanga, kodwa bananzelela ukuthi wayekanye loJesu. Manje, yiyo into eqakathekileyo. Leyo yiPhentekhosti yeqiniso. Bona?

118 Manje, siyafumana ukuthi wahamba phansi futhi mhlawumbe wenyuka loAndreya, futhi ixuku elikhulu labantu ngalapho. Futhi khonapho efika ebusweni beNkosi uJesu, engazi uba Waye nguMesiya. Manje, sizafumana lokho uMesiya ayeyikho.

119 Futhi khonapho efika eBukhoni bukaMesiya, Wamkhangela, futhi Wathi, “Ibizo lakho nguSimoni, njalo uyindodana kaJonasi.” O, minabo. Lokho kwakwenele kuye. Hatshi kuphela ukuthi Wakwazi ukuthi wayengubani, Wakwazi lowo baba omdala olobunkulunkulu ayemtshela lokho Ayezakuba yikho. Lokho kwaqeda indaba nininini. Lowo kwakunguMesiya. Yebo, mnumzana.

120 Nxa lowo kwakunguMesiya izolo ezaZakalisa kwaBakhe uQobo, lowo nguMesiya lamuhla ezaZakalisa kwaBakhe uQobo. Khumbulani: kwaBakhe uQobo. Sizafika kulokho ngomzuzu.

121 Manje, kwakuyini? Kwakulabanengi bemile lapho, mhlawumbe, abangazange bakuzwisise lokho. Kodwa uSimoni wayekwazi, ngoba wayedinga lolohlobo loMuntu. Wakhokhelwa nguMoya. Wakwazi ngoMbhali ukuthi lowo kwakunguye kanye uMesiya. Akamazi kuphela, kodwa Wazi uyise wakhe, futhi wabiza amabizo abo bonke.

122 Futhi lapho kwakumi indoda lapho obizo nguFiliphu, futhi uFiliphu wathi, “Tshono, yikho. Ngiyazi lowo nguMesiya.” Futhi oqaqeni wahamba, amamayila alitshumi lanhlanu oqaqeni, ukuthola umngane ukumtshela mayelana ngakho.

123 *Kuleny into*, lapho uthola umbono ngoKhristu, awungeke uhlaliseke. Kumele utshale omunye umuntu ngakho. Ukuthintwa nje Nguye, futhi kuyalumathisa umphefumulo wakho uvuthe.

“Kumele ngifumane . . . Ngilomngane obizo nguNathaniyeli. Uyindoda enkulu. Ungumfundi olungileyo.” Futhi ngasentabeni wabhoda.

¹²⁴ Mhlawumbe kwasekusiba yisikhathi santambama lapho engena phakathi. Uyaqoqoda emnyango, futhi uNkz. Nathaniyeli uyeza emnyango. “Awu, nxa kungesuye umngane wethu uFiliphu.”

“O, ungaphi uNathaniyeli?”

“Uyazelula esivandeni sezihlahla.”

¹²⁵ Wahamba phakathi kwesivande sezihlahla, futhi wathola, phandle lapho ngaphansi kwesihlahla somkhiwa, wathola uNathaniyeli phansi emadolweni akhe, mhlawumbe, esithi, “O Nkosi Nkulunkulu, Wasithembisa inkululeko. Siyayidinga. Besiyilindele. Kunini lapho Ozakwenza khona, O Nkosi Nkulunkulu? Ngilindele leso sithembiso Owasinikayo.” Uyaphakama, futhi athintithe impahla zakhe—zakhe njengalokho, futhi watshibilika, futhi ngubani owayeme lapho kodwa uFiliphu.

Wathi, kungela kuthandabuza, “Filiphu, mngane wami.”

¹²⁶ Futhi engakakhulumi lutho, “Lihamba kanjani? Izihlahla zikahle yini?” wayelombiko wesiphangi phangi, enye into eqotho. Wathi, “Woza, ubone Lowo esimfumeneyo.” O, khona kanye emcijweni. “Woza ubone Lowo esimfumeneyo, uJesu waseNazaretha, iNdodana kaJosefa. UnguMesiya. Ngiyakwazi ukuthi UnguMesiya.”

¹²⁷ O, manje, ngingacabanga uNathaniyeli esithi, “Manje, Filiphu. Manje, ngiyazi izifundo ezinengi zeBhayibhili esibelazo, izimfundiso ezinengi lezo esibe lazo. Futhi siyakwazi, wena lami siyazi. . .

¹²⁸ “Manje, kuyini okwenzakeleyo, Filiphu? Ngabe utshone enzikini kwenye indawo? Awu, kuyini okwenzakele kuwe, Filiphu? Manje, ungabuyi ungitshela ukuthi—ukuthi luMesiya wayezaphuma eNazaretha. Manje, siyakwazi, sezwa inkulumbo yokucina kaKhefasi, ukuthi ngolunye usuku uMesiya uzabuya, futhi Wayeza kwehla njenge ndizamtshina, uyazi, khona phandle emaseyilini ethempeli.

¹²⁹ “Uzabuya ehlanganisweni yethu, ngoba inkulu ukwedlula zonke elizweni. Futhi Uzabuya khona. . . Futhi nxa engasoze Abuye kweyethu, asisoze sikukholwe. Asiyi kuba lento yokwenza lakho, asiyi kusebenza labanye bonke babo. Hatshi. Kule. . . Uzabuya kithi. Thina yithi. Futhi Uzabuya phandle lapho, futhi Uzabuya kuKhefasi, umpristi omkhulu, ubhishopi wethu omkhulu, futhi athi, ‘Ngingu Mesiya. Sengibuyile manje ukuzothumba.’ Qiniso yiyo indlela okuzakwenzakala ngayo.”

¹³⁰ Lowo mqondo awukaze utshiye abantu. Kunjalo. Kodwa uyazi ukuthini? UNkulunkulu wenza izinto ngendlela Afuna

ukwenza ngayo. Uvame ukwenza ngokutshiyene lendlela esilungiswe ngayo sonke ukukwamukela, ukuze Enelise—Enelise. . .

¹³¹ Awu, U—UZifihlile emehlweni abahlakaniphileyo labaqedisayo, futhi waZembula kuzo ingane ezingathanda ukuzithoba lokufunda okuvela Kuye. Manje, ngokuphangisa, khangelala okwenzakalayo.

Kodwa ngizwa uFiliphu esiya kuye lenye into ebambekayo, hatshi amazwi Ayewakhulumile, kodwa into Ayeyenzile.

Manje, ngiyamuzwa esithi, “Nathaniyeli, uyisifundi soMbhala.”

“Yebo, mnumzana.”

“Luhlobo bani lweNdoda uMesiya azakuba nguye?”

“Ngani, uMesiya uzakuba nguMprofethi.”

¹³² “Yebo, mnumzana, lokho kuliqiniso, ngoba uMose wasitshela, umkhokheli wethu, wayenguye, kumbe, amazwi akhe sithembele kiwo, futhi kufanele sithembele kiwo, kwaze kwabuya uMprofethi. Futhi Wayezakuba nguMesiya, futhi uzatshengisa isibonakaliso sikaMesiya.”

“Yebo.”

¹³³ “Awu, luJesu waseNazaretha engikhuluma ngaye. . . Liyakhumbula lowomgoli wenhlanzi omdala phansi lapho abambiza bethi Simoni, wathenga inhlanzi kuleso sikhathi, futhi wayengenelisi ngitsho ukusayina irisithi yakhona?”

“O, yebo. Ngangimazi, futhi ngangimazi kuhle ubaba wakhe.”

¹³⁴ “Awu, ngolunye usuku umfowakhe wamletha phezulu ebantwini lapho uJesu ayemi khona. Wakhangelala ngalapho, wathi, ‘Ibizo lakho nguSimoni. Uyindodana kaJonasi.’ Uyabazi bonke.”

“Futhi Wakwenza lokho?”

“Yebo.”

“Ngubani Omtshele ngakho?”

¹³⁵ “Akula. USimoni ulethwe nguAndreya, umfowakhe, wabuya phezulu lapho. Liyazi akusoze kungimangalise kodwa lokho Azakulitshela khona ukuthi ungubani lapho lifika lapho.”

“Awu, angazi lutho ngalokho manje. Kumele ngibone. Liyazi, bengingumuntu wenkolo okwesikhathi eside. Ngakho, ngiza—ngizamele ngibone ngalokhu.”

¹³⁶ Futhi into yokuqala uyazi, usuku olulandelayo lapho besiza, awu, babengabe bebuye emzileni wokukhulekelwa, kumbe bengabe bebuye phakathi kombuthano. Angikwazi. Kungenani, masinya lapho uJesu embona okokuqala, uJesu wakhangelala

ngakuye, wathi, “Khangela umIsrayeli, okungela nkohliso kuye.” Lokho kwasusa isitatshi kuye. Lokho . . .

¹³⁷ Wathi . . . Manje, mhlawumbe abanye babo bama ngasemaceleni, bathi . . . Awu, lamuhla bazakuthi, “Ngani, sibili, uzakuba kwazi wayeyilokho, ngoba indlela ayegqoke ngayo, wayengumIsrayeli.” Hatshi, hatshi. Bonke abasempumalanga babegqoka okufananayo. Wayengabe engumArabhi. Wayengabe engumGriki. Sibili, bonke bamnyama, bagqoka gla- . . . balendevu lamaqhiye, lezembatho okufanayo.

Wa—Wathi, “Khangela umIsrayeli, okungela nkohliso kuye.”

O, kwambamba kakhulu. Wathi, “Rabi, Ungibone nini?”

Wathi, “UFiliphu engakakubizi, lapho ungaphansi kwesihlahla, ngakubona.”

Umlaleleni. “Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyiNkosi yakoIsrayeli.” Bona, ezaZisa kwaBakhe uQobo.

¹³⁸ Manje, kwakulalabo ababemile lapho ababezibiza ngokuthi aBakhe uQobo. Omunye wabo wama eceleni Kwakhe, futhi wathi, “Uyazi ukuthini? Kumele ngiphe impendulo kumabandla ethu. Akazange abuye enhlanganisweni yethu. Ngakho kuyini esizakutshela ibandla ngakho, lapho be . . . ? Kufanele si—kufanele sikhulume enye into, ngoba enye into iyenziwa. Ngakho si . . . Kuyini esizakutshela ibandla lethu?”

Omunye wabo wathi, “Ngizakutshela.” Inhlanganiso encinyane yabatshumayeli ekhloneni ngale yathi, “Ngokukadeveli. Kunjalo sibili.”

¹³⁹ Kodwa babengeke bakufihle Kuye. Waphenduka, ebona imicabango yabo. Wathi, “Utsho lokho umelana Lami, iNdodana yomuntu, Ngizalixolela ngalokho,” kodwa manje, ukuhlephula leliLizwi, “kodwa ngolunye usuku, uMoya oNgcwele uzabuya, enze into efanayo. Ilizwi elilodwa elimelana lawo alisoze lixolelwe kulumhlaba, loba emhlabeni ozayo.” Isono esingela kuthethelelwa, ukubiza uMoya kaNkulunkulu owenza imisebenzi yobuMesiya, njengalokho Ayekwenza, umoya ongcolileyo njengesanuse.

¹⁴⁰ Wathi, “Ungu Bhelizebhabhu, isanuse. Ubala ingqondo zabo. U—Ufunda imicabango, ukufunda imicabango, futhi Angabala imicabango yabo. Yikho lokho Akwenzayo.” Babengeke bathi Waye ngakwenzi, ngoba nanko khona lapho, phambi kwabantu.

¹⁴¹ Kodwa khangela kulawa madoda ayemiselwe iMpilo. O Nkulunkulu! Ibizo labo kalifi lamuhla. Base Nkazimulweni loKhristu. Bakunanzelela ukuba nguMesiya. Wathi, “Wena unguKhristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo, iNkosi yakoIsrayeli.”

Wathi, “Ngoba Ngilitshele lokho, uyakholwa? Khona-ke wozani lihambe Lami. Uzabona okukhulu kulalokhu.” Kodwa ngoba wakholwa!

¹⁴² Manje, nxa lesu kwakuyisibonakaliso sikaMesiya izolo, futhi UnguMesiya ofanayo lamuhla, kuzamele kube yinto efanayo lamuhla njengoba kwakuyikho izolo. Yiyo indlela AzaZisa ngayo eBandleni Lakhe.

¹⁴³ Manje, kulenhlanga ezintathu zabantu emhlabeni. NguHamu, Shemu, labantu bakaJafethi; futhi ngalolosuku, ababebalwa njengamaJuda, abeZizwe, futhi lamaSamariya. Manje, abeZizwe, thina amaAnglo-Saxon, sasingamahedeni kulezo nsuku. Sasikhonza izithombe, amaRoma, lokunjalo, lenduku emihlani yethu; futhi sasingadingi Mesiya. Futhi khumbula, uMesiya ubuya kuphela futhi aZibonakalise kulabo abamdingayo.

¹⁴⁴ Isizatho singaboni lezi zinto lamuhla, asizidingi. Sikhangele emabandleni ethu, inhlanganisano zamasono ethu, izakhiwo zethu ezinkulu, ukuba sikhula okunganani. Susa amehlo akho kulokho. Khangela kuMesiya. Sesisesikhathini sokucina.

Manje, nanzelela lokho okwathathi ndawo. Khona-ke siyathola ukuthi Wabuya. Manje, kule... Wenza... yiyo indlela AzaZisa ngayo kumaJuda.

¹⁴⁵ Manje, sizathatha, sivule amapheji ambalwa kuJohane oNgcwele, isahluko 4. Wayesiya eJerikho. Uba loba ngubani owake waba sePalestine, kungaphansi kweJerusalema. Yikho lapho Ayekhona endleleni Yakhe. Kodwa Wayedingakala, ukudlula eSamaria phezulu entabeni. Ngingazi ukuthi ngenxa yani? Manje, kuJohane oNgcwele 5:19, 5:19, lizabala lokhu: “Ngiqinisile, Ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ayingeke yenze ulutho Ngokwayo, kodwa lokho Ebona uBaba ekwenza...” Bona, Waye nguMprofethi, ingxenye yobuProfethi Bakhe. Manje, Ungowedlula umprofethi. Lingacabangi ukuthi ngimvumela abe nguMprofethi. Angimvumeli.

¹⁴⁶ Ngizwe uDade Florence ehlabela isikhatshana esedluleyo. Ngizamfuna, uzakwenza ngobunye ubusuku, phansi lapha, ukuhlabela, *Phansi Evela ENkazimulweni Yakhe*. Ngiyayithanda leyo ngoma. Itshengisa ubuNkulunkulu obukhulu bukaJesu Khristu. Ezinsukwini lapho bezama ukuMenza nje umprofethi, WayenguNkulunkulu-Mprofethi. Wayesedlula umprofethi. Waye nguNkulunkulu ebonakalisiwe; kodwa isibonakaliso Sakhe sikaMesiya waye ngumprofethi.

¹⁴⁷ Manje, siyafumana ukuthi lapho siMbona lapho, emile lapho; khona-ke wenyukela eSamaria. Manje, amaSamariya babeyingxenye amaJuda labeZizwe, ababekhonza uNkulunkulu. Manje, siyafumana ukuthi Wahamba phezulu lapho, futhi kwasekuzakuba ngeletshumi lanye kumbe eletshumi lambili nta. Wathumela abafundi Bakhe ukuyathenga imiphako,

ukudla; wehla phansi eSamariya. Wahhlala phansi emthonjeni, mhlawumbe umfanekiso, enye into njengalumfanekiso omuhle ngemuva lapha, ehlezi phandle lapho emthonjeni. Nxa wake waba seSamariya, futhi unanzelele umthombo womphakathi edolobheni lapho, lokhu usasekhona.

¹⁴⁸ Futhi kwase kuzakuba ngeletshumi lanye nta emini. Kwakulomfazi owaphuma ukuyakukha amanzi. Asicabangeni ukuthi wayemuhle, njengamanye amakhosikazi alamuhla, kuphela kwakutshiyene kancinyane. Khona-ke siyathola ukuthi u...[Ibandla liyahleka—Mhl.] Yebo. Bengicabanga ngaye, esiyakuba...ngimenze abe lenwele ezinde.

¹⁴⁹ Ngangicabanga ngomfazi lowo owageza inyawo zikaJesu, liyazi, ngenyembezi zakhe futhi wazesula ngenwele zakhe. Wayezakuba lesikhathi esinzima...Wayezakuma ngekhandla lakhe lamuhla ukuthola inwele ezeneleyo phansi lapho ukwesula inyawo Zakhe ngazo. Sebazigela zonke. IBhayibhili lathi, “Ziludumo lwakhe,” ngakho ugele nje udumo lwakhe. Kangazi ukuthi kungani. Mhlawumbe wakhangelala omunye umuntu phezulu lapha owayecabanga okunengi ngaye, phezulu eHollywood. Kodwa lobakunjalo... .

¹⁵⁰ Li—lizangibiza ngokuthi ngidlulisa amalawulo. Lizangibiza ohlanyayo nxa lifuna, kodwa ngoSuku lokwaHlulelwa uzakuthola ukuthi kungu ITSHO KANJE INKOSI. Kulungile. Akumangalisi sile bandla elifayo; hatshi ukufa, kodwa elifileyo. Kunjalo. UMoya kaNkulunkulu udabukisiwe futhi ususukile kikho. Indlela zethu ziMdabukisele kude. Ukwahlukana kwethu, lokungakhathali kwethu Kuye, yikho okukwenzileyo. Kangifuni ukulizwisa ubuhlungu. Angilapha ukulizwisa ubuhlungu. Ngilapha ukulivusa. UNkulunkulu abe lesihawu.

¹⁵¹ Sipe amandla lesibindi ukuhlala eLizwini likaNkulunkulu, siLilethe kungenani lokuthi kutshoni, ukuthi lithini. Sithatha abatshumayeli ukungenisa imali, ukuyekethisa, ukwenza inhlelo zamathelevishini ezinkulu, futhi lezinto ezinjalo, ukuyekethisa labantu. Hatshi mina. Ngingangcono ngilale ngesisu sami, futhi nginathe amanzi esifudlana, ngidle amabhisikiti esoda, futhi ngitshumayeke iqiniso, kulokuthi ngime lapho phambi kwebandla ngoSuku lokwaHlulelwa, futhi ngilahlwe kanye labo.

¹⁵² UMBuso wami kawusiwo walumhlaba. Amagugu ami awekho kulumhlaba. Amagugu ami aseZulwini, lengikufunayo ngabantu bakaNkulunkulu, iBandla Lakhe.

Ungazifananisi lomunye umkamalusi, kumbe omunye umkamtshumayeli, kumbe umkamvangeli. Zifananise leBhayibhili. Kunjalo.

¹⁵³ Lamuhla kudingakala sifananisane. Umfazi angagqoka isigqoko esithile ebandleni, kumbe alungise inwele ngendlela ethile, futhi wonke umfazi ufuna ukugqoka into efanayo.

Kwenza okufanayo phakathi kobulilili bobubili. Angilandaba loba ibhatshi lami lihambelana lebhulugwe lami kumbe ithayi yami ihambelana leyembe yami. Ngifuna isehlakalo sami sifanane leBhayibhili likaNkulunkulu. Yilo uhlobo lokuhambelana esiludingayo lamuhla, imvuselelo yaloluhlobo lokufananisa, loMoya kaJesu Khristu ephila phakathi kwethu.

Lokho . . . [Indawo engelalutho ethephini—Mhl.]

¹⁵⁴ Abangeke baxubane ndawonye njengalokhu abakwenzayo phezulu lapha eLos Angeles, futhi lalapha. Abangeke baxubane ndawonye. Awungeke wehlukanise okunye kokunye manje. Konke kuyafanana. Lezo nsuku kwakwahlukile. Nxa umfazi wayemubi, wayefakwa uphawu ukuthi mubi. Wayehlala kwabangabakhe; wayengazihlanganisi labanye babo bonke. Manje, kunjengokuthatha i—iqanda futhi ubusuqala ulitshaya phakathi kwalo. Kwenza into yonke ibengumbala wethanga. Bona? Ngakho yikho lokho okuyikho manje.

¹⁵⁵ Khangela, ngangibala lapha lapho prover- . . . impambukiso, ngizama ukutsho, phezu kwesizwe laseLos Angeles, ukuthi kunjani; o, kubi. Ukwanda kwenu kungaba amaphesenti angamatshumi amathathu ukwedlula umnyaka odluleyo. Kuyi . . . Ngani, kuyiSodoma.

¹⁵⁶ O, makuthi uNkulunkulu anyikinye abantu lapha, ngizwa, imvuselelo kwenye indawo ezanyikinya ibandla lePhentekhostali libuyele engqondweni zalo njalo, ikhafula uMlilo phezu kwemibuthano ukuthi abantu banga zwisisa kuleli hola esiliphilayo, ohlezi elele, njengakho, ngoba iBhayibhili lathi bazakwenza, ngiyathemba. Awu, nanko-ke.

¹⁵⁷ Manje, lumfazi uyaphuma. Futhi yena, mhlawumbe waphuma ngaleso sikhathi; mhlawumbe ube phandle ubusuku bonke futhi walala kwaze kwaba yilesosikhathi. Kodwa kungenani, waphuma lenkonxa. Wafaka intambo ezincinyane ngaphansi, lamawuka amancinyane, futhi wehlisa phansi indirayi ukukha amanzi. Futhi lapho esezadonsela phezulu amanzi akhe, wezwa Omunye umuntu esithi, “Mfazi, akuNginathise.”

Manje, khumbula ungumSamariya. Manje, Watshengisa lesi sibonakaliso sikaMesiya kumaJuda. Manje, nanka amaSamariya. “Mfazi, akuNginathise.”

¹⁵⁸ Wathi, wakhangela, futhi wathi, “Ngani, manje,” Ngizakwenza, ngikwehlukanise, “silobandlululo lapha. Akusiwo mkhuba Kuwe, ungumJuda, ungicele, umfazi weSamariya, into enjalo.” Futhi wathi . . .

¹⁵⁹ Mhlawumbe Wayehlezi lapho, ukuthi Wa—Wayengela kodwa iminyaka engamatshumi amathathu ubudala, kodwa uMbhalo wathi, uJohane oNgewele 6, wathi Wakhangeleka elamatshumi amahlanu. Wathi, “Awusiyo ndoda engamatshumi amahlanu ubudala futhi uthi ubone uAbrahama.”

160 Wathi, “Engakabikhona uAbrahama, NGINGUYE.” Kunjalo. Bona? Mhlawumbe Umsebenzi wakhe Wamluphazisa, wayengabe esempunga kancinyane, kumbe enye into.

161 Lapho Esahlezi lapho futhi eMkhangele, Indoda ekhangeleka ingaba yiminyaka engamatshumi amahlanu ubudala ehlezi eyame icele lalowo mduli, wathi, “Kakusiwo mkhuba kini maJuda ukusicela thina amaSamariya.”

162 Wathi, “Kodwa aluba ubusazi Lowo obukade ukhuluma laye, ubuzaNgicela amanzi okunatha.” Kuyini Ayekwenza? Manje, kuzafanele uthathe ilizwi lami ngalokhu. Wayezama ukuxhumana lomoya wakhe. UNkulunkulu Wayemthume phansi lapho. UNkulunkulu ungithume kuleli ibandla. Kangikwazi wena. Bona? Kangazi lamunye wenu.

163 Kodwa uNkulunkulu Wamthuma phezulu lapho. Wayedingakala ukuya eSamariya. Ngani? Babekhangelele uMesiya. Wayemele, ahambe futhi abatshengise ukuthi WayenguMesiya. Ngakho Wahlala lapho. Umfazi lowu wathi, wakhuluma Laye, wathi, ukulandisa, wathi, “Umthombo uyatshona, futhi Awula lutho lokukha ngalo.” Wathi, “Obaba bethu bakhonza kulintaba, futhi lokunjalo, futhi Wena uthi eJerusalema. . .” Futhi ingxoxo yaqhubeka.

164 Kuyini Ayezama, ukukwenza? Ukuthola lapho uhlupho lwakhe olwalukhona. Manje, lalelisisani manje. Afumanise lapho uhlupho lwakhe olwalukhona. Manje, kuyini? UMesiya uzaZazisa kwabangaBakhe uQobo eSamariya (Bona?), kumaSamariya. Ukuthi Wakwenza njani kumaJuda, Kumele enze into efanayo kumaSamariya. Sibili. Kumele abize aBakhe uQobo ngokufanayo. . .

165 Khumbulani lokho engikukhulumileyo ubusuku obedluleyo? Nxa uNkulunkulu engenza isinqumo sokwenza into ngendlela ethile, Yena kumele akwenze sonke isikhathi ngendlela efanayo. Nxa Engazange, Wenza iphutha lapho Ekwenza ngesikhathi sokuqala. Bona? Awuphi isiqephu esisodwa sesinkwa somumbu futhi esinye isiqephu sekhekhe. Konke kuyafana, khona kanye. Bona? Manje, nanzelela, Yena u, Yena—Yena—Yena kalamkhawulo, uphelele, ulamandla wonke, ukhona ndawo zonke. Manje, sabona lapho ukuthi lumSamariya, manje, Uzakwenza njani ukuzaZisa kumaSamariya? Umbuzo uphakathi Kwakhe lomfazi.

Futhi ngemva kokuba Esemkhangele okwemizuzu emilutshwane, uBaba Wayemthume phezulu lapho, ngakho Wa—Wathi, “Hamba, uyethatha indoda yakho futhi ubuye lapha.”

Wathi, “Kangilandoda.”

“O,” Wathi, “kunjalo. Ubulabahlanu, lalowo ophila laye manje kayisiyo indoda yakho. Ngakho ukhulume kahle.”

166 Ngiyazibona lezo ezinhle, ixhuku elikhulu lenwele eziphotheneyo zilengela emahlombe akhe, lamehlo akhe amakhulu ansundu, futhi inyembezi zisehla ezihlathini zakhe. Wathi, “Mnumzana, ngiyabona ukuthi UngumProfethi.” Kutshiyene okunganani kuleso sifebe, futhi lalabo batshumayeli. Wayengazi okunengi ngoNkulunkulu ukwedlula ingxenye yabo. Kungaleyo ndlela enkulu lamuhla, futhi. Kunjalo. Yebo.

167 Wathi, “Mnumzana, ngiyabona ukuthi UngumProfethi.” Wathi, “Siyazi, thina Mess-...thina amaSamariya, siyakwazi ukuthi lapho uMesiya esiza, leso sizakuba yisibonakaliso sokuthi Uzakwenza. Ngakho kumele Ube ungumProfethi Wakhe. Siyakwazi lapho uMesiya esiza, Uzasitshela izinto lezi; kodwa Wena Ungubani?”

O, minabo. Akuzange kube khona kodwa Oyedwa owayengakutsho lokhu. Wathi, “NgiNguye Okhuluma lawe.”

Wakunanzelela. Lowo kwakunguMesiya ayefundisiwe ukuthi uyabuya. Wayekwazi ukuthi Uzakuba ngumProfethi, umProfethi-Nkulunkulu. Ngakho wathi...

168 Waphosela phansi inkonxa yakhe yamanzi, kumbe, wayibeka phansi, kumbe ini, futhi wagijimela edolobheni. Futhi khangela umbiko wakhe. Wagijima wangena, wathi, “Wozani libone iNdoda Engitshele izinto engizenzileyo. Lesi akusiso yini isibonakaliso uqobo sikaMesiya? Akusuye yini lo uMesiya? IMibhalo yethu ayisitsheli ukuthi lapho Esiza, yikho lokho Azakwenza?”

169 Futhi iBhayibhili lathi abantu balelo dolobho baMkholwa ukuba nguMesiya ngenxa yobufakazi bomfazi Ayemtshela izinto ayezenzile. Kungaba nguMibhalo lowo? UJohane oNgcwele 4.

170 Manje, ngiyabona isikhathi sami siyabaleka, ngakho kuzamele ngiphangise manje futhi ngibe lomzila wokukhulekela. Kangifuni ukulihlalisa isikhathi eside. Bona? Kodwa lokhu, kube yinkonzo yokusilisa yokucina, ngokwazi kwami khathesi, kuze kube ngeSonto ebusuku. Kodwa manje, mana. Makuthi ngithole esinye esisodwa isando esincinyane—esincinyane lapha ukuquma lesi sipikili phakathi lapha ukusenza sinamathele.

171 Manje, kwakulamaJuda: WazaZisa njani kumaJuda njengoMesiya? Ngokutshengisa ukuthi Waye nguNkulunkulu-mProfethi. Kunjalo na? Lonke liyavuma kulokho? Manje, khumbula, aBakhe uQobo, aBakhe uQobo. Amanye amaJuda, amaJuda nje avamileyo, bona abatshumayeli abendulo, labafundisi bemile khona ngalapho bele D.D.D., Ph.D., LL.D., bemile khona lapho, uyazi, lamakhola abo ephendulelwe, ngokutsho, futhi begqoke amaqhiye, lakho konke njengalokho, bathi, “Ku—kuyikufunda ingqondo. Unga...Bona? Khangela uhlobo lwakhe. Khangela lapho avela khona. Kuyini

ayikho kwasekuqaleni kwakho? Wavela kusiphi isikolo? Wakufundela ngaphi lokhu? Asila mbali yakhe yokubuya ngitsho kumaseminari ethu, ngakho uyazi angeke abe eqondile. Akasuye weAssemblies. Akasuye weOneness. Akasuye weChurch of God, iBaptisti, iPresbyterian, kumbe iKatolika. Asila mbali ngaye esezikolo zethu.”

¹⁷² Ngiyazi ngilizwisa ubuhlungu, kodwa umama wami wayevame ukungitshela...Sisasengabantwana abancinyane, thina...wena...saphila—saphila sidubeka kakhulu, emuvala ezintabeni, sasisenza uku—ukuthatha isinkwa somumbu, uyazi, futhi sithathe amafutha oqweqwe lwenyama yengulube. Sasithatha futhi senze impuphu. Futhi ngoMgqibelo wonke ebusuku kwakumele si—sigeze futhi lesilinganiso samafutha ekhasta. Ngakho silungiselele okwangeSonto ekuseni, sibuyele esikolo. Kwa—kwakukubi sibili, ukudla kwethu—kwethu, sasithola isifo sokudabuka isikhumba lakho konke. Imibhida yetheniphu, lendumba ezimnyama lesinkwa somumbu, lomhluzi wamabele, lokho yikho okumayelana lendlela esakhuliswa ngayo. Ngakho sasifanele sithathe lawo mafutha ekhasta, futhi uMama wayevame uku...Ngangiqala ukuyithatha, ngangisithi, “O, Mama. Ngiyacela, ngiyacela, kungenza ngigule kakhulu.”

Futhi wayesithi, “Nxa kungakwenzi ugule, akukusizi lutho.”

¹⁷³ Ngakho mhlawumbe lokhu kuzanyikinya okokugayeka kokudla kwemoya yenu kwenye indawo, lokho kuzalenza khona kahle futhi ligule; lokho kuzenza abantu bahlale iMibhalo, ngoba Iliqiniso. IyiLizwi likaNkulunkulu. Yiyo Engaphuthiyo. Yiyo Efakaza ngoMesiya. Ameni. Uma ngeLizwi Lakhe. Ameni.

¹⁷⁴ Kangizi “ameni” ngokwami, kodwa uameni utsho ukuthi “kakube njalo.” Ngi—ngiyakukholwa ngenhliziyo yami yonke, ukuthi amazulu lomhlaba kuzakwedlula, kodwa lelo Lizwi aliyikwedlula.

Nanzelela, lumfazi weSamariya. UmSamariya wakunanzelela ukuthi WayenguKhristu.

Manje, “Sithini ngabeZizwe, Mfowethu Branham? Ubatshiya phandle.”

¹⁷⁵ Akula ngitsho indawo eyodwa eMbalweni lapho Ake wenza leso sibonakaliso phambi koweZizwe. Kufumane futhi ungitshengise khona. Akukho lapho. Hatshi, mnumzana. Akukho lapho. Watshengisa isibonakaliso Sakhe sobuMesiya kulabo ababekhangelele uMesiya. O, ngicela likuthole kahle lokhu. Yinto efanayo Ayenzayo lamuhla. Manje, ngizalitshengisa kungani.

¹⁷⁶ Manje, nanzelela. Engakasuki, lobakunjalo, Waprofetha isikhathi sabeZizwe. Manje, amaJuda, babe leminyaka ezinkulungwane ezine ukukholwa uMesiya, futhi amaSamariya emuva khonale ngesikhathi sikaMose, lapho bethatha abafazi

bakoMowabi, lokunjalo, futhi bazephula futhi baba luhlobo oluxutshani siweyo, lokunjalo. Manje, bonke babeleminyaka yonke leyi bekhangelele uMesiya, futhi kwakulaba *qinisekileyo enhliziyweni* phakathi lapho, manje khangela: aBakhe uQobo.

Likukhulume kanye lami, “ABakhe uQobo.”

¹⁷⁷ WazaZisa kwaBakhe uQobo, manje khangela, inengi lamaJuda alizange liMkholwe. Ngenxa yokuthi babengamaJuda, lokho kwakungesilutho, kodwa labo ababebelamabizo abo eBhukwini lokuPhila kusukela ekusekelweni komhlaba.

¹⁷⁸ Uyakhumbula, iBhayibhili lathi bonke, umphikukhristu ensukwini zokucina, okwakuzi nhlanganiso zenkolo... Ngizafika kulokho liviki, iNkosi ithanda, kumbe iviki elandelayo, bona (kulungile), futhi ngifakaze ukuthi ngumphikukhristu. IBhayibhili litsho njalo. Kunjalo. “Futhi wakhohlisa bonke abahlala emhlabeni labo amabizo abo ayengalotshwanga eBhukwini lokuPhila leWundlu, wahlatshwa kusukela ekudatshulweni komhlaba.” Yikho lapho okwakuyikho. Bona?

¹⁷⁹ Manje, labo aba, “Bonke uBaba angi (inkathi edluleyo) abanike Kimi kuzakuza Kimi. Izimvu zami ziyalazi iLizwi Lami.” Hatshi ngenxa yohlobo kumbe usendo, kodwa, “Izimvu Zami ziyalazi iLizwi Lami.” Manje, khangela.

¹⁸⁰ Manje, wena uthi lobo yibuCalvini. Angisuye umCalvini manje. Ngiyakholwa lokho kuvikeleka kuhambisana leBandla. Khona kanye. Kodwa nxa useBandleni, uvikelekile kanye lalo. Kodwa useBandleni, into elandelayo? Manje, yikho lokho. Hatshi ngoba uthi ukhona, lokho akukubeki lapho.

¹⁸¹ Manje, kodwa, nanzelela, mfowethu, sitshiya leso sihloko, siyabuyela emuva kumfazi weSamariya. Manje, khangela lokho Akutshoyo lapho. Manje, wathi, “Ngani, ngeqiniso. Siyakwazi ukuthi nguMesiya. Uzakwenza lesosibonakaliso lapho Esiza.”

¹⁸² Manje, uJesu engakasuki, eBhukwini likaLukha oNgwele, Wathi, “Njengoba kwakunjalo ngensuku zeSodoma, kuyakuba njalo ekubuyeni kweNdodana yomuntu.” Lake lakuzwa lokho? Manje, kasi... Wathi kuqala, ngesikhathi sikaNowa, Wathi kwesikaNowa: besidla, benatha, betshada, bethathana.

¹⁸³ Kodwa eSodoma, manje, kasikhangeleni. Manje, kulenhlobo zabantu ezintathu. Zikhangelise. Manje, iSodoma yayimela inhlobo zabantu ezintathu, njengalokho ngesikhathi sikaNowa, lapho umhlaba ubhujiswa ngamanzi. Manje, eSodoma yabhujiswa ngomlilo. Kunjalo na? Manje, nanzelela. Kwakulenhlobo zabantu ezintathu futhi leziThunywa ezintathu. Manje, uAbrahama wayemela “ABakhe uQobo.”

Kukhulumeni njalo: “ABakhe uQobo.”

UAbrahama leqembu lakhe laliphandle kweSodoma, futhi lona kanye ibala elithi *bandla* litsho “ababiziweyo, behlukaniswa.”

¹⁸⁴ ULothi wathatha ukhetho lwakhe lezinhlanganiso zakhe, futhi wehla phansi lapho, ukuba ngumeya wedolobho. Futhi umkakhe wayengowo mphakathi wonke, futhi wagqoka okwendlela zeHollywood, lokunjalo. Bona okwenzakala kuye? Ulokhu emile lapho njenge nsika yesawudo. Manje, kodwa lapho wafisa ukuba yiHollywood. Liyabona? Wayefuna ukuba njengomhlaba wonke.

¹⁸⁵ Kodwa uSara wayengumfazi omuhle kakhulu emhlabeni wonke, futhi wathatha ukhetho lwakhe lendoda yakhe futhi waphila phandle-le elizweni elihawulayo, ukuze akhonze uNkulunkulu futhi abe yindlalifa yesithembiso. Ngumahluko bani.

¹⁸⁶ Manje, lapho izinto zisiba nzima, hatshi ezinkulu kakhulu, izinto ezinhle, kodwa zisiba nzima: Ngolunye usuku uAbrahama wayehlezi emthunzini we okhi, futhi wakhangela phandle lapho, kwakumele kungaba semini, futhi wabona Amadoda amathathu esiza, uthuli ngasezimpahleni Zabo. Manje, bamba leyo Mibhalo emibili, manje. Manje, wababona Bona, uthuli empahleni Zabo. Futhi Babuya. Futhi uAbrahama, engokamoya futhi elindele ukubona lesi sithembiso, ngokuphangisa (Wayengo “biziweyo.”) wakunanzelela. Kwakulenyene into eyayingejwayelekanga ngalawo Madoda.

O, yebo sibili Babengabe bethe, “Kunjani, mnumzana? SingabeMzini. Sivela elizweni labezizwe.”

¹⁸⁷ Waya ukubahlangabeza, wathi, “Wozani ngapha futhi lihlale phansi kwesihlahla. Ngizathanda ukukhuluma Lani okomzuzu nje. Mangikhe amanzi amalutshwana futhi ngigezise inyawo Zenu, futhi ngiliNike ucezu lwesinkwa. Khona-ke Beselihamba endleleni yenu. Bahlala phansi. Yiso isizatho Libuye ngalindlela. UNkulunkulu Ulithume kulindlela ukuze ngenze—ngenze lokhu Kini.”

“Awu,” Bathi, “hamba, makube njalo,” futhi wahamba, wahlala phansi.

¹⁸⁸ Ngiyabona engena, esithi, “Sara,” khonale ngemuva ethenteni, wathi, “vuba impuphu yesinkwa enlutshwana. Thatha isefa futhi usefe impuphu encinyane lapha, kumbe enye into, futhi wenze amaqebelengwane eziko.” Futhi waphuma futhi wathola ithole elincinyane elinonileyo, futhi walibulala, futhi walinika encekwini, wathi, “Lihlinze.”

Futhi walilungisa lonke, futhi waliletha phambi Kwakhe, wahlala phansi. Manje, khangela.

¹⁸⁹ Njengoba kwakunjalo eSodoma, kuzakuba ngalindlela, ngoba lesi yisikhathi sokutsha. Liyakukholwa lokho?

Kungangcono likukholwe, lapho ihydrogen, lamabhomba e-atomu, lamasputiniki, lakho konke okunye kuphapha kukuzingelezile, kungangcono ube ukukholwa, ngoba kuyeza.

¹⁹⁰ Nanzelela. Manje, kuyini okwathathi ndawo? Nanku okwathathi ndawo. INgilosi zahlala lapho kancinyane, ezintathu Zazo. Zaqhubeka zikhangele eSodoma. Emva kwesikhatshana. . . Manje, khumbula, ezimbili zazo zehla zaya eSodoma. Bangaki abakwaziyo lokho? Ezimbili zazo zehla zaya eSodoma, futhi zatshumayela. O, u—uBilly Graham wesimanje, bona, waya phansi eSodoma, ngoba kwakule. . . ULothi wayephansi lapho, owayemela ikholwa elibuthukhuku, ikholwa elisemngceleni, umzalwane wenhlanganiso yesonto. Wayephansi lapho eSodoma kanye lomhlaba wonke. Ibandla lakhe lonke lalingumhlaba layo yonke into. Kodwa wayephansi lapho.

¹⁹¹ Futhi bathumela uBilly Graham wesimanje phansi futhi watshumayela kubo, kungela zimangaliso, babatshaya kuphela ngobuphofu; futhi ukutshumayela kweVangeli kuyamtshaya ongakholwayo ngobuphofu. Siyakwazi lokho. Hatshi—hatshi—hatshi ukuthi uLothi watshaywa yibuphofu, kodwa, watshaywa yibuphofu, bengisitsho, kodwa abanye batshaywa yibuphofu.

¹⁹² Manje. Kodwa manje, siyabona ukuthi luhlobo bani lwesibonakaliso abalwenzayo: batshumayela iVangeli ngendlela eyenza ongakholwayo abe yisiphofu sibili futhi babiza uLothi umlilo ungakehli. Kunjalo na?

¹⁹³ Khangela luMfo, wasala emuva, isibonakaliso bani Asipha ibandla, “Abakhe uQobo.” Lowo owasala emuva wayengayisiyo iNgilosi. KwakunguNkulunkulu. IBhayibhili lathi kwakuNguNkulunkulu. UAbrahama waMbiza “Elohim,” Okhona ngamandla akhe, hlamvu nkulu N-k-o-s-i. Wayemele abekwazi. Nguye owayekhuluma Laye. UNkulunkulu. . .

Umtshumayeli wathi kimi ngesinye isikhathi—isikhathi, wathi—wathi, “Utsho ukuthi lowo kwakunguJehova uNkulunkulu?”

Ngathi, “Lowo kwakunguJehova uNkulunkulu. O,” ngathi, “uyehluleka nje ukubona ukuthi Umkhulu okungakanani.”

¹⁹⁴ Kuyini esenziwe ngakho? Izakhamzimba ezilitshumi lesithupha: icalcium, ipotashi, ipetroleum, ukukhanya kwezulu lomhlaba. Wathatha nje ingcosana futhi waya “Whew! Woza lapha, Gabriyeli, ngena kulokhu.” Bona? “Whew!” Wavuthela omunye lapha okwenye iNgilosi. “Whew!” Wavuthele owodwa oWakhe. Wehla phansi, wadla inyama yethole, wanatha uchago lwenkomo, wadla isinkwa somumbu, futhi wanyamalala phambi kukaAbrahama. Bona?

¹⁹⁵ Awu, lowo nguNkulunkulu ongumnini wethu. Ngingekela ukuba ngumlotha ogcwala isipunu, loba wena ungezake, kodwa Engakhuluma (Haleluya!), Ngizaphuma. Uzangibiza.

Ngiyathokoza ukuthi Uyangazi, futhi ngiyathokoza ukuthi ngiyaMazi. UnguJehova. Nango Elapho. Kuyini Ayekumela? Lokho Azakuba yikho ngezinsuku zokucina, ehlala enyameni.

¹⁹⁶ Manje, khangelisisani. Manje, siyafumana ukuthi ku... Asiboneni ukuthi luhlobo bani lwesibonakaliso Asinika kwaBakhe uQobo. Okufanayo Lakwenza lapho Esiza emhlabeni, uNkulunkulu enziwe inyama kuKhristu. Manje, nanzelela, Wayefulathelise umhlane Wakhe. Futhi Wathi, “Abrahama (Wabakwazi njani ukuthi wayenguAbrahama?), ungaphi umkakho, uSara?” Ini? Wakwazi ibizo lakhe lalinguAbrahama, wakwazi ukuthi wayetshadile, futhi wayelomfazi, lebizu lakhe kwakunguSara.

UAbrahama wamangala, wathi, futhi iBhayibhili ngokucacileyo lithi uAbrahama wathi, “Usethenti ngemuva Kwakho.”

¹⁹⁷ Abafazi babengenzi ngalesosikhathi njengalokho abakwenzayo manje: baphume, futhi babe, bathathe indawo yendoda yabo, futhi bangenele kiyo yonke imisebenzi, futhi bavote kwezepolitiki, futhi babeke amadoda phakathi njengalowu abasanda kumfaka nje, lezinto ezinjengalezo. Hatshi. Babengakwenzi lesosikhathi. Hatshi. Babesazi okunengi ngoNkulunkulu. USara wabiza uAbrahama “nkosi.”

Manje, wathi, “Usethenti ngemuva Kwakho.” Ethenti ngemuva Kwakho.

¹⁹⁸ Wathi, “Abrahama (Lalela!), Ngi (O, isihawu! *Ngi*, lesu sabizwana somuntu njalo), Ngizakuvakatshele ngokwesikhathi sempilo, njengoba Ngikwenzele lesu sithembiso ekuqaleni, iminyaka engamatshumi amabili lanhlana edluleyo.”

¹⁹⁹ Nansi iNdoda isidla isinkwa samabele, esidla inyama yethole, futhi inatha uchago enkomeni, kanye lolaza esinkweni, kungela kuthandabuza, ehlezi lapho esidla lokho, futhi esithi, “Ngakwenzela isithembiso, futhi ngizakukwenza.” Ameni.

Futhi uAbrahama waMbiza “Elohim,” uNkulunkulu uSomandla. Nango, elapho, ehlezi lapho, wathi, “Ngizakuvakatshele ngokwe...”

²⁰⁰ Futhi uSara, ngemuva ethenti, waphuma, wahleka, wathi, “Mina, umfazi omdala lapha, iminyaka elikhulu ubudala, futhi ngibe lentokozo lenkosi yami njalo njengalokho? O, akungeke kube njalo.”

²⁰¹ Futhi i—iNdoda ihlezi lapho yathi, “Kungani uSara ehlekile?” O, luhlobo bani lokubamba imicabango oluyilokho? Luhlobo bani olwe...? Umfazi ethenti ngemuva Kwakhe. Wathi, “Kungani ehlekile?”

²⁰² Manje, khangelisa. UJesu wathi, “Njengoba kwakunjalo ngensuku zeSodoma, kuzakuba njalo ekubuyeni kweNdodana yomuntu,” ukuthi uNkulunkulu uzaZibonakalisa enyameni

yomuntu, iBandla Lakhe, uMzimba kaKhristu, futhi uzakwenza isibonakaliso esifanayo. Lapho abeZizwe bayakuthola.

